

UKUPHILA



Bhekani nje abafu abancane. He, he! Isivuno sakusasa. Niyazi, ngicabanga ukuthi mhlawumbe sonke siyiqembu letabernakele elivamile lapha. Kodwa uma lapho, ngenhlanhla, kungaba khona umuntu othize lapha, lowo okungokokuqala ekanye nathi, ngokuqinisekile sifuna ukukwamukela. Futhi sifuna ukucacisa ukuthi sibanikela kanjani abantwana eNkosini.

² Niyabo, eBhayibhelini, izikhathi eziningi sinabantu namuhla, ababenza iziphetho zokuthi bafanele bazenze kanjani lezi zinto. Kodwa thina nje, lapha, sizame ukuhlala ngqo nendlela iZwi elidala elibusisiwe elikwenza ngayo. Khonake, futhi ayigugi, ihlale iyintsha ngoba iyindlela kaNkulunkulu yokwenza izinto.

³ Manje ngenkathi uMsindisi wethu obusisiwe elapha, iNkosi uJesu, ngenkathi beletha kuYe abantwana abancane ukuba benze umsebenzi, noma udumo okufanele lunikezwe abantwana abancane, ngani, Wabagona ezingalweni zaKhe futhi wababusa. Futhi Wathi, “Vumelani abantwana abancane beze kiMi, ngokuba uMbuso weZulu ungowabanjalo.”

⁴ Basebeletha abantwana abancane, futhi babanikela. Ngamanye amazwi, bavele baMnike bona, futhi Wababusa. Futhi manje sishiwe, njengeBandla, ukuqhubeka nomsebenzi Awenza ngenkathi Elapha emhlabeni. Futhi yilokho esizama ukukwenza.

⁵ Futhi impela sineqembu labafu abancane abahle abalele bencike esifubeni sobabayi babo, kulokhukusa. Futhi nje... umfo omncane kaMfowethu Junior. NoJunie, omunye uJunie lapha, omncane kaWeber. No—nomncane kaMfowethu Stricker... Ake sibone, ngikholwa ukuthi lena intombazane; intombazane, nomfana. Amantombazane amabili nomfana. Kulungile. Lokho kulungile. Nomncane lapho, ubunawo, noma uvele weza nawe. Lokho kulungile.

⁶ Awu, ngiyathokoza futhi ngiyajabula ukuthi iNkosi ibusise amakhaya enu ngalezi zipho zalezi zimpawu ezincane zothando. Niyazi, uma sekufika endaweni ukuthi—ukuthi abesifazane bengasazithandi izingane, futhi, abasebona nhlobo abesifazane, ngokubona kwami. Ngiyabathanda abafu abancane, no—no—nokuthile ngabo.

⁷ Umfo wami omncane emuva lapho, u...uMeda wathi, “Wawumdala kakhulu ukuba ube nalokho.”

⁸ Ngathi, “Qhabo, lapho uNkulunkulu ebathumela, bafika nje ngesikhathi. Kunjalo. Basesikhathini nje ncamashi. Futhi ngakho-ke ngiyazi ukuthi kusho ukuthini, ukuya ekhaya.

⁹ Futhi iningi labantu abasha, bathi, “Awu, asikwazi ukuba nabantwana. Sizolinda size sifike kamuva, kanjalonjalo.” Njengoba nje uNkulunkulu ebathumela, bemukeleni, ngoba bayisibopho esibopha izinhliziyi namakhaya ndawonye, abantwana abancane.

¹⁰ Manje sizohamba sehle nabadala lapha, uma nithanda, kulomfo omncane lapha, njengoba engakwesokudla sethu, siqinisekisa . . . [Akuqoshwanga eteyipini. UMfowethu Branham unikela abantwana eNkosini—Umhl.]

¹¹ Umkami nami, emuva lapho, sikucinge e-Arizona, emavikini ambalwa edlule, ngale eParker, yonke indawo, sizama ukukuthola la ukhona, futhi asikwazanga. Futhi bangitshela ukuthi wawusendaweni yezokongiwa ngaphesheya komfula, uqhubeka, ngakho-ke ngikugejile. Futhi ngizwile umkakho wayegula, ngase ngitshela uMfowethu Hooper ukuba akutshela ukuba umngenise lapha ukuze sikhuleke kanye naye. Sizokhulekela abagulayo, nje . . . ngaphandle uma nje ngempela, egula ngempela futhi efuna ukukhulekelwa manje.

¹² Sizoba no—umugqa kancanyana nje, masinya lapho ngikhuluma kancanyana. Noma, ubuhlose ukuba ngikhulume, Mfowethu Neville na? [UMfowethu Neville uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.]

¹³ Isimemezelo esisodwa engifuna ukusenza kulokhukusa. Futhi, manje-ke, ngeke sikhulume isikhathi eside, bese kuthi-ke mhlawumbe sikuqedele kulobubusuku. Bekukhona lesi simemezelo, engifisa . . . Uma noma ubani ehlala komakhelwane, ukuthi angaqiniseka ukuthi akhulume nomakhelwane mayelana nalokhu. Omakhelwane kade bengishayela ucingo lapha. Ikakhulukazi oyedwa, komakhelwane, ungishayeleye ucingo kuthangi, futhi kwakumayelana nabafana abadlala ibhola esizeni lapha. Babenefastela elifile, isicabha sesikrini esigqobhoziwe, isivande esihliphizekile. Wathi . . . Abafo abancane, omakhelwane bonke bayazi ukuthi bafuna ukudlala. Impela. Bayizinganyana nje. Kodwa bashaye ibhola labo ngaphesheya kwendlela futhi—futhi bahliphiza izivande zabo nezinto. Futhi ngicabanga ukuthi kukhona abafana abancane abaningana lapha, komakhelwane, obandakanywayo.

¹⁴ Futhi ba—babe nomoya omuhle kabi kakhulu kithi. Abakaze bakhononde, omakhelwane, ubusuku obuningi. Futhi sithola umsindo omncane ngalapha, niyazi, ebusuku kakhulu, kodwa akukho lutho ngakho. Futhi niyazi ukuthi bebengakwenza kanjani; bebengaqophisana nathi ngakho, uma bebefuna. Futhi sikholelwa ekubeni nokuthula nje nomakhelwane bethu, kanye ne . . . “Hlala ngokuthula nabantu bonke, ngokusemandleni akho.” Futhi, ngakho-ke, sifuna ukwenza lokho.

¹⁵ Futhi, manje, ukube ibingekho enye indawo edolobheni, noma ndawo ukuba izinganyana zidlale khona ibhola,

besiyobona ukuthi besingeke sikwazi yini ukuzakhela uthango olukhulu oluphakeme, nxazonke, ukuze ibhola lingahambi futhi lihlukumeze futhi lihlukumeze omakhelwane bethu. Kodwa, khona lapha e-Ingramville, khona lapho, banendawo yokuvimba ibhola yomphakathi, yazo zonke izinganyana, nezinkundla zabo zokudlala ukuba badlale. Phezulu nje ngaphezulu kuka Eighth, emathuneni lapho, banezinkundla zokudlala zedolobha lonke lapho, zokudlala ibhola nanoma yini enye ofisa ukuyidlala.

¹⁶ Angizange ngisithathe isinqumo. Ngikubizele ebhodini lebandla, kulokhukusa, futhi ngababuza ukuthi sifanele senzeni, ukuze singaba nokuthula nomakhelwane bethu, futhi sibe nabangane bethu nakho konke, nabantu bakithi baqonde. Futhi banqume ukuthi mhlawumbe kungaba yinto enhle kithina ukuthi singabe sisaba nabafana abasazodlala ibhola ezindaweni zokudlalela. Ngoba, ukuthi kuyoba . . .

¹⁷ Kungesikho ukuthi sinendaba ngabo bekwenza; ibandla alinandaba, he, ifasitela elincane, likhanya kanye ngankathi. Kodwa sifanele sicabange ngomakhelwane bethu, futhi, niyazi. Sifanele sicabange ngabo. Futhi sifuna ukuphila njengamanene namanenekazi angamaKristu. Futhi thina nje . . . Bazo . . .

¹⁸ Ngibatshelile, indlela kuphela ababengenza ngayo, sizovele sibeke isayini encane, ukuthi abafana bangadlali ibhola lapho. Futhi bona . . . thina . . .

¹⁹ Manje, uma noma yimuphi kini bomakhelwane abaphakathi lapha, ukuthi izinganyana zenu zidlala lapha esizeni, ngineqiniso niyaqonda, niyabo, ukuthi asifuni amafoni ethu nezinto, namaphoyisa phezulu lapha, noma okuthize okunye, mayelana nokubhodloza ifasitela, izibani nezinto.

²⁰ Nani bafanyana, uma abafanyana benu bephandle lapha, namantombazanyana, edlala ibhola, futhi babona isayini phandle lapho, ninga . . . “Ungalidlali ibhola.” Awu, manje, asiqondile ukuba luhlaza kubantwana; kodwa sifuna ukuhlonipha omakhelwane bethu. Wonke umuntu uzokuqonda lokho, ngiqinisekile.

²¹ Futhi beningeke ngisithathe ngedwa lesi sinqumo. Ngicele ibhodi ukuthi lingene kulokhukusa, futhi ngababuza. Futhi lesi bekuyisinqumo sabo, futhi, becabanga ukuthi sifanele siphile ngokuthula nabangane bethu—bethu.

²² Futhi manje banendawo yebhola khona ngapha, cishe ibanga lezindlu ezimbili zasedolobheni nje ukusuka lapho esikhona manje, leyo yindawo yokuvima ibhola enkulu kakhulu, futhi ngakho-ke ningadlala lonke ibhola enifisa ukulidlala.

²³ Manje, abantu behamba emuva naphambili bedlula lapho, lokho akusho ukuthi, ukuba bangadluli noma yini; kulunge ngokuphelele.

²⁴ Futhi ngolunye usuku, ngethemba ukuthi, iNkosi ithanda, noJesu elibala, ukwenza i—indawo yokupaka esemthethweni yebandla lapho, uma singalaxhi ibandla elikhudlwana, futhi siligxumeke. Futhi uma ngolunye usuku i . . . Ngani, ngibuyela emuva, ukuze kube kukhulu, ngibe nomsebenzi lapha, ngani, uMfowethu Neville nami sobabili singaba kukho, kanjalonjalo. Besingakha i . . . Sisebenzise nje leso siza sisisebenzisele ibandla elikhulu, futhi sibeke ibandla elikhulu kakhulu lapha, futhi sililungise ngaleyondlela. Ngakho-ke, sa—sathenga leso ngenkathi sisengakwazi ukusithenga.

²⁵ [UMfowethu Roy Slaughter ukhuluma noMfowethu Branham futhi unikela ngethrakhi lakhe ukuba lihudule idwala elithile—Umhl.] Ngiyabonga, Mfowethu Roy, lokho kuhle kakhulu, uma lokho, uma bengenxa isinqumo ekukwenzeni. Uma besenza indawo yokupaka, lokho kungaba yinto nje okumelwe yenziwe. Lokho kuhle kakhulu. [UMfowethu Slaughter uyakhuluma futhi ngendawo yokupaka izimoto.] Ya. Ya. Ya.

²⁶ Bazosivimba ukuthi sipake . . . Sibe, vele, ohlangothini olulodwa lwesitaladi lapho, ngakho-ke sizo—sizingeka senze amalungiselelo athile—athile. Futhi ngempela, le ndawo, le ndawo yokupaka khona lapha, ingeyedlobha leyo. Kunjalo. Eyethu . . . Sisanda kuba nesiqephu sendawo esincane lapho, hhayi kude *kangako*, size sifike esitaladini khona lapho. Isitadi ngempela sidlula endlini kaBrakeman lapho, futhi sehla ngqo futhi sifinyelelele lapho. Yilesi esidlulayo. Isizathu, leli kwakuyichibi, eminyakeni edlule, ngenkathi beligwalisa. Futhi ngenkathi umhlaba wethu uhlolwa, sisohlangothini lwendlela eseceleni kwesitaladi, khona lapha, niyabo. Ngakho-ke, asinalo ingaphambili. Lokho nje isipho sedolobha lapho manje. Futhi ngakho-ke lokho kuzoba okwethu, emuva ngalendlela.

²⁷ Ngakho, ngakho-ke, ngimaphakathi, -phakathi kwakho, kanjalonjalo. Futhi mina, o, ngingu—u—umoya oya ngasentshonalanga, ngikholwa ukuthi bawubiza kanjalo, kumbe okuthile. A—angeke ngikwazi ukuzinza kuyilutho. Futhi, kodwa, kungahle kube ukuthi ngolunye usuku iNkosi ingahle ikhulume kimi ukuba ngize lapha futhi ngivele ngakhe phakathi lapha, itabernakele elikhulu kakhulu, futhi ngivumele abantu abavela ezingxenyeni ezehlukene bangene. Uma kuyoba njalo, sizokudinga lokho. Ngakho-ke, niyabo, asifuni ukuyithengisa noma ukuyicekela phansi. Senza njalo, sizoyigwalisa, futhi sikwahlukanise ngezigaba ngaphandle lapha, futhi sibeke ibandla phezulu, nezitebhisi zokuza kukho, nakho konke. Futhi lokho kuzonakekela sonke isimo, niyabo. Futhi—futhi ngineqiniso ukuthi iNkosi izosinikeza lonke isenti lakho, lapho nje sesilungiselela ukulakha. Cishe ikhulu namashumi amahlanu, indawo yamadola ayizinkulungwane ezingamakhulu amabili, futhi sinamagumbi ethu okusakaza

nakho konke okunye khona lapha, nezinkonzo ziqhubeka, ngaso sonke isikhathi. Ngakho-ke, asazi ukuthi iNkosi yethu izokwenzenjani. Sikhuleka nje phezu kwalezizinto, nokuvangela, nokunye nokunye.

²⁸ Futhi ngezinye izikhathi ngithi eNkosini, “Awu, Uno-Oral Roberts noMfowethu Allen. Futhi UnoBilly Graham nabo bonke phandle lapho. Ngisiza ngani ekwenzeni na?” Kodwa nje . . .

²⁹ Ngifanele nje ngenze lokho Angitshela ukuthi ngikwenze, niyabo. Ngakho-ke, ngimane ngihlale ngithule kulokho. Manje, wonke umuntu uzokuqonda lokho, ngiqinisekile. INkosi inibusise.

³⁰ Manje, ake sibone. Sesihambile isikhathi kancanyanyana, ngakho-ke sizovele sibeke uSonto sikole, mhlawumbe, futhi sishumayela, ndawonye, Mfowethu Neville na? [UMfowethu Neville uthi, “Yebo.”—Umhl.]

³¹ Futhi siyajabula ukuzwa ngengane yakhe, nayo, asinjalo na? He, kuhle kakhulu! Futhi nithi ngumprofethikazi. [UMfowethu Neville uthi, “Uma kuyinoma yini.” UMfowethu Branham noMfowethu Neville bayahleka—Umhl.] Kulungile. Awu, si—siyajabula ngalaba baprofethikazi abancane, niyabo, nakho konke. Ngiyayibonga iNkosi ngabo.

³² Niyazi, abesifazane bayakhula lapha esizweni, nokho, niyazi. Yilokho esicabanga ngakho, niyabo. Ngicabanga ukuthi ku—kuthi akube ezintathu kuya kweziyisihlanu. Ezintathu . . . Ezinganeni ezinhlanu ezizelwe, ezintathu kuzo zingamantombazane. Futhi abesifazane baya ngokuba bakhulu; amadoda aya ngokuncipha.

³³ Abesifazane bayangamela. Kusobala, lokho yinkambiso nje nesiprofetho sosuku, ukuthi lesisizwe siyisizwe sowesifazane. Sizophathwa ngowesifazane. Futhi khumbulani, thir- . . . ngo1933, ngabona lokho kufika embonweni, owesifazane onamandla amakhulu uyongamela isizwe sonke, ngoluny’usuku, kunjalo impela, ngaphambi kwesikhathi sokuphela, ngaphambi kokubhujiswa okuphelele.

³⁴ Izimoto, ngalolo suku, zizobe zimise okweqanda, zibuyele emuva njengalokhu, ngalendlela lapho. Futhi izolawulwa wuhlobo oluthile lwamandla, abangeke badinge ngisho nokusebenzisa isondo lokuqondisa, ngezinye izikhathi. [UMfowethu Branham ushaya umunwe waKhe kanye—Umhl.] Vele uyihlele nje, bese uyaqhubeka kanjalo. Niyabo, ngaphambi kokubhujiswa! Manje, niyakhumbula, lokho ngukuthi, manje, lokho kuserekhodini. Niyabo?

Futhi abesifazane bazokwengamela. Abesifazane bazokwengamela.

³⁵ Futhi—futhi imfundiso yebandla eliKatolika, ebengihlala ngisho ukuthi iyongamela i-United States, isicishe ibe lapho

khona manje. Niyabo? Ukukhonza owesifazane, uMariya, ongunkulunkulukazi, futhi okuphambene neBhayibheli. Nokunxuselana nabafileyo, okuphambene neBhayibheli. Nazo zonke lezizinto lapha, futhi nje zenyuke ngqo.

³⁶ Futhi ngezinye izikhathi ngiyacabanga, ekwazini lezizinto, ukuthi bengifanele ngibe nendawo lapho engangingahlala khona phansi futhi ngiqale ukufundisa, niyazi, futhi nje—nje ngikugcine kuhamba, kanjalo. Futhi manje, emabandleni manje, angikwazi ukuya kodwa nje amahora ambalwa futhi ngikhulekele abagulayo, futhi sengihambile; futhi ngidonsa nje, ngikhulekela abagulayo nje. Futhi kukhona okuningi ngaphandle kokukhulekela abagulayo, eBhayibhelini, niyazi. Ya. Ziningi izinto okumele ngi—ngizenze.

³⁷ Ngifuna ukubika umhlangano eCanada, omunye wemihlangano oyedlula yonke esake saba nayo ezwenikazini laseNyakatho Melika. Angikaze, empilweni yami, (uMnu. Mercier uzobe ekubhala, kanye nabo), ngibona noma yini yenzeka njengoba kwenzeka emhlanganweni waseCanada. Futhi, kusobala, abantu bePentecostal baye bangala isoqothu. Yonke into eyayilapho kwakuyiBaptisti neSheshi, kanjalonjalo. Yonke indawo, iPentecostal ingalile, ngoba angizukwamukela “ubufakazi” bukaMoya oNgcwele, njengegazi ligijima liphuma ezandleni zakho, namafutha ephuma ezandleni zakho, nezinto ezinjalo, nokubona uthingo lwenkosazana, nazo zonke lezo zinto. Imizwa ayiphathelene nensindiso, lutho nhlobo. Siza ngokuzithoba ngokukholwa. Siyamkholwa uNkulunkulu, futhi—futhi yilokho-ke. Niyabo? Kwase kuthi-ke, ngakhoke, babhala izincwadi, ngaphambili, bengena eCanada, futhi iPentecostal yavele yahoxa kanjalo, kodwa yayingeke ibe nokubambisana noma lutho yenze emhlanganweni, ngoba ngangingeke ngikwamukele lokho. Futhi ngakho-ke namanje ngisa . . .

³⁸ Akunandaba ukuthi ubani oLamukelayo, noma yini ekwenzayo, ngihlala neBhayibheli elidala elibusisiwe. Amen. Leli yiZwi likaNkulunkulu. Futhi uma kufanele sime sodwa, sizoma sodwa, sakhe ibandla. Kunjalo.

³⁹ Manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini laKhe—laKhe, ake sikhothamise nje amakhanda ethu okomzuzwana womkhuleko.

⁴⁰ Baba obusisiweyo, sibonga ngempela kuWe ngalesisikhathi senhlanganyelo ndawonye ngaseZwini, nalamazwi angcwele kaNkulunkulu. Futhi kwangathi, njengoba siWahlanganyela, ngokufunda kanye nokulalela, kwangathi uMoya oNgcwele engaWaphefumulela ezinhliziyweni zethu, ukuthi, lapho sesihamba namuhla, besingasho njengalabo abavela e-Emawuse, “Bekukuhle ukuthi sibe lapha. Izhliziyu zethu

bezivutha phakathi kwethu, ngokuba Ubekhuluma nathi endleleni.” Sikucela eGameni laKhe. Amen.

⁴¹ Manje, ngikhethile, namhlanje, uma kuyintando kaNkulunkulu, indaba yami itholakala e—e . . . ngale eNcwadini yamaHubo, 63.

O Nkulunkulu, wena unguNkulunkulu wami; ngiyakukufuna ekuseni: umphefumulo wami womela wena, inyama yami ilangazelela wena ezweni elomileyo eligagadekileyo, lapho amanzi engekho khona;

⁴² Lalelani nje umhubi!

Kanjalo ngikubheka endlini yakho engcwele, ngibone amandla akho nenkazimulo yakho.

Ngokuba umusa wakho onothando ungcono kunokuphila, izindebe zami ziyakukudumisa.

Ngiyakukubonga ngisaphila: ngiyakuphakamisa isandla zami egameni lakho.

Umphefumulo wami uyakusutha kungathi ngamanoni namafutha; umlomo wami uyakukudumisa ngezindebe ezethabayo:

⁴³ Manje kwangathi iNkosi yethu ingenezela isibusiso saYo kuleliZwi. Indaba yami kulokhukusa itholakala ekutheni uku *P-h-i-l-a*, izinhlamvu ezine ezincane.

⁴⁴ Futhi njengoba umhubi wayekhuluma lapha, uDavide, njalo uNkulunkulu usebenzana nomuntu ngokwendlela izingqondo zabo ezigijima ngayo. Manje, uNkulunkulu wasebenzana noDavide, njengamadlelo aluhlaza namanzi athule, kanjalonjalo. Futhi uDavide phandle lapho, ngemva kokuba esebone ukuphila okangako, indlela uNkulunkulu ayehlala ngayo esihlahleni, nokuthi Wahlala kanjani ezimbalini, nokuthi Wahlala kanjani eku—kugelezeni komfudlana.

⁴⁵ Uma kukhona oke wehla ngasemfudlaneni lapho izimpophoma ikhona, futhi ezwe lokho kugeleza kwanjalonjalo. O, ngingalala phansi lapho futhi ngilale, kalula nje. Angikaze ngiphuze iphilisi lokulala empilweni yami. Ngike ngalingeka ukuba ngikwenze, izikhathi eziningi, emihlanganweni yami, lapho ngiye ngasonteka wonke, kodwa uNkulunkulu ungisizile kuze kube manje. Kodwa, ngiyanitshela, ngikholwa ukuthi lokho kungaba ngcono kunawo wonke amaphilisi okulala abangaba nawo ekhemisi. Ukucambalala nje eceleni kogelezayo, umfudlana omncane, futhi nikhuleke isikhashana, futhi, “Manje ngiyacambalala,” futhi nje ngilale lapho. O, kukhona okuthile ngakho okuphumuzayo. Ngikuthanda kanjani!

⁴⁶ NoDavide lapha wathi, “Nje ngi . . . umphefumulo wami womele Wena nje!” Lalela nje.

O Nkulunkulu, wena unguNkulunkulu wami; ngiyakukufuna ekuseni: umphefumulo wami womela wena, inyama yami ilangazelela wena ezweni elomileyo eligagadekileyo, lapho amanzi engekho khona;

47 Bese eqhubeka ethi:

Ngokuba umusa wakho onothando ungcono kunokuphila, . . .

48 Manje, akukho lutho, kubonakala kanjalo, okungcono kunokuphila. Yini esiyihlawumpisela kulokhukusa okungaba ngcono kunokuphila na? Kodwa, uDavide uthi, “Umusa wakho ungcono, kimi, kunokuphila.” Manje, siyazibuza, khona-ke, ukuthi igama ukuphila lifanele li-i-incazelo ekabili kulo, lifanele lisho okungaphezulu kune-kune-kunento eyodwa. Ukuphila, qobo kwakho, kusho “okukhona.” Ngakho, khona-ke, uma “uthando lwaKho lungcono kunokuphila,” khona-ke yini ebingaba ngcono na? Ngoba, uNkulunkulu yedwa unokuPhila okuPhakade. UNkulunkulu yedwa unokuPhila okuPhakade. Uma singakuqondisa lokho manje, kuyoba lula kithi ukubona isithombe esikhulu uNkulunkulu asibeka phambi kwethu, kanjani ukuthi, ngoluny’usuku, ukuthi konke okungekhona okukaNkulunkulu kuyoshabalala futhi kubhubhe, futhi kumuke.

49 Manje, yonke into eyayinesiqalo inesiphetho. Ayikho into eyake yaqala ngaphandle kwenesiphelo. Kodwa ukuthile okwakungenasiqalo akunasiphelo. Futhi—futhi uNkulunkulu yedwa nguYe yedwa “wayengakaze abe nesiqalo.” “Wayengenakuqala kwezinsuku, kungekho kuphela kweminyaka.” Futhi, ngakho-ke, sifanele sibe yingxenyekaNkulunkulu, ngokuzalwa, ukuze siphile, sibe nobukhona baPhakade.

50 Manje-ke, isono nokuhlupheka, nakho konke, kufanele kufike endaweni lapho kungekho kuba khona, ngoba kwaba nesiqalo. Kwakunesikhathi lapho kwakungekho kugula, kungekho sono, kungekho lusizi, kungekho kufa, kwase-ke kufika ngokuphendukezelwa. Ngakho-ke, konke ukuphendukezela kufanele kuphele emuva. Futhi konke okwakukhona, kwaba nesiqalo, kuzofanele kuphele, ukuze okuPhakade kube khona njalo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

51 Yingakho kungenakwenzeka nhlobo ukuthi noma yimuphi umuntu ake asindiswe ngaphandle kokuZalwa okusha. Ngoba, abantu bazalwa ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, futhi baba yingxenyekaNkulunkulu. Ubukhona babo buPhakade njengoba uNkulunkulu ePhakade. “Abasoze babhubha,” kwasho uJesu. “Akekho ongabahlwitha esandleni saMi. BangabakaBaba, waPhezulu.” Futhi akukho-muntu ongabathatha noma abehlukanise, ngokuba bayingxenyekaNkulunkulu.

52 Manje asizona izifundiswa. Ngi—ngingumuntu ongafundile omubi kakhulu, kakhulu impela. Kodwa, ngezinye izikhathi uma ngishaya amagama anjalo, ngiyakucingisisa, ukuze ngithole, ngithathe lelo gama elilodwa nje. Nginabangane nabafundisi beBhayibheli abangathatha isiGriki, noma isiHeberu, [UMfowethu Branham ushaya umunwe waKhe kathathu—Umhl.] futhi nje akuhambise noma yikuphi emBhalweni. Kodwa ngifanele ngilithathe igama negama, futhi ngiliphenye.

53 Futhi ngiyathola, ukuthi, ngenkathi Ethi, “Ngibanika ukuPhila okuPhakade.” Livala egameni, igama lesiGriki, Zoe, Z-o-e. Futhi iZoe nguNkulunkulu, “ukuPhila” kukaNkulunkulu uQobo. Bese kuthi-ke, ngokuqiniseka njengoba singabahlanganyeli beZoe, siba khona Phakade njengoba uNkulunkulu ekhona Phakade. Ngakho-ke, ngokuhlanganyela engxenyeni kaNkulunkulu, sesibusiseke futhi sasindiswa Phakade, ngunaphakade naphakade, ngaphandle kukophela, ngaphandle kokuqala. Siba yingxenyane kaNkulunkulu. Uma uqaphela, ukuthi lesi siqalo esikhulu, thatha . . .

54 Omunye ubuze umbuzo, “Ungubani loJehova omkhulu na? Waqala kuphi na?” Wayengenasiqalo. WayenguNkulunkulu ngunaphakade. Futhi Yena ungu . . .

55 Manje, igama *ngunaphakade* lisho nje “ibanga lesikhathi.” Kodwa, iPhakade lisho “ngunaphakade.” Kodwa, *ngunaphakade*, igama *ngunaphakade* ngesiHeberu, lisho “ibanga, isikhathi esabelwe,” ngoba lisebuningini, “ngunaphakade naphakade.” Niyabo? Lokho kusho ungunaphakade ababili. Niyabo?

56 Kodwa, ePhakadeni, munye, ophelile. IPhakade liyi—liyindilinga engenasiphelo. Ayizange ibe nesiqalo futhi ayisoze yaba nesiphetho.

57 Futhi kanjani ukuthi, emhlabeni, sazi ukuthi kukhona owangempela, umoya weqiniso wothando. Kunowangempela, umoya weqiniso wokwethembeka. Kunowangempela, umoya weqiniso wokwethembeka. Bangaki okwaziyo lokho na? Siyakwazi. Siyakubona. Awu, lowo nguNkulunkulu, wona kanye u—umthombo.

58 Asivale amehlo ethu, ekuzicabangeleni kwethu, imizuzwana embalwa, futhi sibuyele le emuva kwi . . . ngaphambi kokuba kube khona noma yini.

59 Umthombo omkhulu walo lonke iPhakade wawuyilowoMoya wothando, injabulo, lowoMoya wokwethembeka, lowoMoya wokuba neqiniso, kulokhu kuphelela. Kwase kuthi-ke, ekubeni khona kukaBaba, kwaphuma iZwimcabango, okwakuyiNdodana, okwakunguMzimbamoya, okwakunguMzimba kaJehova uNkulunkulu omkhulu, waphuma

eMzimbeni wasezulwini. Yilelo iZwi-mncabango. IZwi lakhuluma kuleyomithombo emikhulu yokuPhila, lase liphuma. Futhi kwakukhona u—uMzimba-moya, okwakunguNkulunkulu enziwe iZwi.

⁶⁰ Khona-ke lowo Mzimba-moya wenziwa inyama, kumuntu uKristu Jesu. Kwase kuthi-ke konke ukugcwala komthathu emunye kwakuhlala kuYe, kokubili uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, konke kulokho.

⁶¹ Futhi yileyondlela impela esihamba ngayo, sibuyela sithi ngqu emuva ekuqaleni kwasekuqaleni, kukaNkulunkulu. Lapho sizalwa ngokusha, hhayi inyama; zalwa ngokusha, hhayi ngegazi; kodwa sizalwa ngokusha ngoMoya. Futhi kulowoMoya waPhakade wothando nokwethembeka, uyehla ukwenza indawo yaWo kithi.

⁶² Bese kuthi-ke lapho sifa, kulokhu kuphila, singena emzimbeni. “Okungukuthi, uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinomzimba-moya okufanele singene kuwo, umzimba wasezulwini.”

⁶³ Khona-ke, ekuFikeni kweNkosi uJesu, lomzimba uyathathwa emhlabeni futhi, futhi wenziwa esimweni esikhazinyulisiwe, ukuba uphile eBukhloneni baKhe ingunaphakade.

⁶⁴ Khona-ke, konke ukuphendukezelwa, zonke izinto eyayisempendukezelweni, zonke kuyaphela. Inyama iya esijezisweni sayo. Isihogo sivula umlomo waso futhi sigwinya bonke ububi nokuphendukezela. Futhi uNkulunkulu neBandla laKhe elithandekayo, uMlobokazi waKhe, bathatha ukuma kwabo emaPhakadeni ukuba aqhubeke. Lelo yithemba elikhulu leBandla lamaKristu.

⁶⁵ UDavide wamemeza kakhulu, “O umusa waKho wothando ungcono kimi kunokuphila.”

⁶⁶ Manje, ukuphila, wonke umuntu ufuna ukucabanga ngokuphila. Futhi ukuphila, igama elithi *ukuphila*, libe negxanye ethile ephendukezelwe kulo, ngenxa yokuthi ngisho nokuphila ngokwakho kunegxanye ethile ephendukezelwe. Futhi izikhathi eziningi, abantu bafuna ukubhekisela ekuphileni njengokuba nesikhathi esimnandi, ukuphuzwa, ukuklabalasa, nokuphuma. Bathi, “Lokhu ngukuphila.” Banephutha kanjani. Lokho ngukufa. Niyabo? Akusikho ukuphila. Ngukufa.

⁶⁷ Emavikini ambalwa edlule, ngale ehhotela elikhulu, elidumile e—eCanada lapho ababengihlalise khona. Ngenyukela egumbini lami, ngemva kwenkonzo yami. Futhi kwakukhona amanenekazi asemancane, mhlawumbe esecelela eminyakeni eyishumi nesishiyagalombili yawo, ishumi nesishiyagalolunye, mhlawumbe aze afike kwengamashumi amabili nantathu, ndawondawo. Amathathu kwamane awo ehla enyuka

kwiphansi, egqoke nje izingubo zawo zangaphansi. Futhi ephethe amabhodlela ezandleni zawo, egijima esuka egumbini elilodwa eya kwelinye, izintombi ezibukeka kahle.

⁶⁸ Lapho ngehla ekheshini, ngama ngabheka. O, kwakukhona Okuthize kimi! Ngacabanga, “O Nkulunkulu, ingabe uRebekah wami omncane noma uSarah uyoke afike kulokho na?”

⁶⁹ Ngase ngizibuka. Zazidiyazela zinqamula kwiphansi. Ngavele ngangena, ngakolunye uhlangothi, zase zidlula zase ziphuma, zahamba ngenye indlela, ziphuza. Ngama, ehholo, ngabheka phansi futhi, ngibone amanenekazi amancane athandekayo okungenzeka mhlawumbe abe yisithandwa sangempela kwenye indoda. Futhi ngezwa elinye labo lithi, “Huu! Lokhu ngukuphila!”

Ngacabanga, “Kuyiphutha kanjani lokho! Lokho ngukufa.”

⁷⁰ Ngokuba, iBhayibheli lathi, “Ophila ekuthokozeni ufile esaphila.” Ngakho-ke siyathola, ukuthi ukuphila, esikubiza ngukuphila.

⁷¹ Futhi sibona amasayini namhlanje, njengalena, “Lapho okukhona khona ubhiya iBudweiser, kukhona ukuphila.” Yeka ukuthi lokho kuphendukezelwe kanjani! Lapho kukhona ubhiya iBudweiser, kungukufa.

⁷² Futhi sibona amasayini anjengalawa, futhi, “Ukuphila kuqala lapho kushona ilanga.” Qhabo. Ukufa kuqala lapho kushona ilanga. Abantu baphenduka abanyonyobi basebusuku. Banyonyoba ebusuku. Futhi uma uqaphela, bathatha imvelo yobubi. Ububi buhlala bunyonyoba ebusuku.

⁷³ Futhi ngafunda isihloko kwiphephabhuku, ngesinye isikhathi ngenkathi ngangisendizeni. Kwakumayelana neHollywood. Futhi kwasho, ukuthi, “Ukuphila kuqala ngemva kwaphakathi nobusuku. Ufanele wehle esitaladini esithize nasezintweni ezithile.” Futhi kwakunesithombe sombukiso onhlobonhlobo, nokunye nokunye, okuqhubekayo.

Ngase ngithi, “Kuphendukezelwe kanjani lokho!”

⁷⁴ Uyabona, uma uSathane enombuso, ufanele abe nomnotho wamanga. Ufanele abe nokuthile angakwethula kubo, ukubenza bacabange ukuthi bayaphila. Kodwa ngokoqobo kusohlangothini oluphambene. Kungukufa, esimweni sokuphila. Niyabo? Kuyimpendukezelo ekuphileni kwangempela.

⁷⁵ Ngoba, ake sixazulule lokhu engqondweni yethu manje, kanye nangunaphakade. Yinye kuphela indlela yokuba nokuphila. Kunjalo. “Futhi ukwazi Yena kungukuPhila.” Yileyondlela kuphela esingaba nokuPhila ngayo, futhi ayikho enye indlela, ngokuba uNkulunkulu uthembise ukuPhila kuphela ngoJesu Kristu. Futhi uJehova omkhulu, ongenasiqalo noma ongenasiphelo, ongena—ongenakuqala kwezinsuku noma

ukuphela kweminyaka, usinike ukuPhila ngoJesu Kristu, futhi Yena yedwa.

⁷⁶ Hhayi nje ukuMbona kuphela njengomuntu olungile; hhayi nje ukuMkhonza njengoba Eyoba ngu, u—u—unkulunkulu, okungukuthi UnguNkulunkulu. Kodwa, into ofanele uyenze ngukuMazi. Yilokho kuphela. Hhayi ukuMkhonza, kodwa, “UkuMazi kungukuphila.” Odeveli babeMkhonza. Impela. Wonke amadolo ayogqa kuYe.

⁷⁷ Kodwa, “ukuMazi,” ekuthethelelweni kwezono zakho, nokwenziwa busha ukuphila kwakho, ngoMoya waKhe, lowomthombo omkhulu wawo wonke umthombo wobuhle ohlezi kuwe. UNkulunkulu ekwenza ukuba uthele izithelo zothando, intokozo, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ububele, ukukhuthazela, ukukholwa, nazo zonke lezo zingxanye ezingahlukaniseki ezinkulu ezivela kuNkulunkulu kuphela. Yileyondlela kuphela yokuba nokuPhila.

Ngakho-ke, igama *ukuphila* liye lahunyushwa ngokungesikho kithi.

⁷⁸ Manje, thina, esikubiza ngokuphila, othile uzothola imoto entsha, noma bayokwehla ngomgwaqo, futhi bayovele bahuze, mhlawumbe, nesiphuzo kubo, nengalo yabo igaxe intombazane, futhi umfo osemncane uthi, “Lokhu ngukuphila!” Futhi inenekazi eliselincane, nomngane walo womfana wokuzikhethela, futhi linesiphuzo noma ezimbili, futhi liyothi, “Lokhu ngukuphila!”

⁷⁹ Noma, mhlawumbe indoda ebilokhu ifuna izizumbulu zemali, futhi, kungazelelwe, ibe indlalifa yesamba esikhulu semali. Izokwakha ikhaya elihle. Izothola imoto kanokusho. Iyomemeza, “Lokhu ngukuphila!”

⁸⁰ Owesifazane omncane ompofu owashayo nezingane zakhe. Uzothola uhambo oluya eHollywood, futhi uzoba “yindlovukazi okosuku,” kolunye uhlelo, noma ezinye zalezo zinto, noma awine ingxanye ethile yezimpahla. Kuyomxhuxhumisa, endaweni aze athi, “Lokhu ngukuphila!”

⁸¹ Kodwa yeka ukuthi kuphendukezelwe kanjani! Lokho ngukufa. Futhi labo bayobhubha abanakho. Futhi siyaqaphela, namuhla . . .

⁸² Manje ngingahle nje ngibe yimfashini endala kancanyana kulezizinto, futhi ngithi ukusika amakhona futhi ngigaye kuqine, kodwa nguku. . . Izinjongo zakho, ukukhombisa iphuzu.

⁸³ Manje, abaningi, namuhla, babuka uhlelo. Balalela amarekhodi. Bangena ezindaweni zokudlela ezincane, futhi awukwazi ukudla ngenxa ya—yamarekhodi amakhulu abawadlalayo, alomculo wokuzibinya nodum-dumu, nazo zonke lezo zikanokusho, umdanso waseSpain i-fang-tango, ezenziwe ngudeveli, amarekhodi aphefumulelwe amademoni. Futhi, o,

ngiyamangala ukuthi uyoba yini umphumela wokugcina lapho bethola ukuthi akuhlangene nalowo OPhakade!

⁸⁴ Ngiyacabanga, ngalolosuku lapho ilanga lenqaba ukukhanya, futhi sonke isikhathi simile du futhi sincibilika singene ePhakadeni, ngizocabanga u-Elvis Presley uyonyakaziswa wonke, ngalokho kusa. Impela ngokwanele. Yebo. Irekhode lakhe liyoba ngokoqobo, lapho ezwa ukukhala kwezigidi zemiphefumulo ayithumele esihogweni. Izingcezu ezingamashumi amathathu zesiliva zikaJuda zokukhaphela zishaya epuletini, kuyoba yintokozo, phezulu ohlangothini lwesikhathi sokuhlwa kuka-Elvis Presley, ngalokho kusa. Ngokuba, uJuda wakwenza ngoba kwakuwukugcalisa umBhalo, ukuhlenga umuntu. Kodwa u-Elvis Presley waphendukezela into eyiyo, ngenkathi esengumKristu, futhi wathengisa ngobuzibulo bakhe emiphefumulweni eyisigidi esihogweni.

⁸⁵ Ngiyacabanga, u-Arthur Godfrey, nabo bonke abakaGodfrey bakhe abancane, uzoba lapho ngalokhokusa, naye, namabhulukwe akhe amhlophe, abesifazame babelungu abanezinwele ezinsundu, namakhanda abomvu. Futhi kuzothatha okungaphezu kokuthi “yethi Mariya” ukuba ake ahlanze umphefumulo waKhe ongcolile nonembeza waKhe, eBukhloneni bukaNkulunkulu. Uma ezwa sengathi, lokho, ukukhuluma angcolile namahlaya, nezinto aholele izigidi esihogweni, ngakho.

⁸⁶ Futhi bakubiza lokho, “Ukuphila.” Ngani, ngukufa, futhi abakwazi.

⁸⁷ Manje qaphelani, kulokhu, lento eniyibiza ngo “kuphila,” iba lusizi kakhulu kuze kuthi, izikhathi eziningi, abantu bathathe ukuphila kwabo. Ngakho-ke, lokho kungebe ukuPhila uNkulunkulu akhuluma ngakho, ngoba ungeke ukuthathe ukuPhila kukaNkulunkulu, kanjalo ngeke wanika ukuPhila kukaNkulunkulu. Lokho kulele ngomusa ozibusayo ezandleni zikaNkulunkulu yedwa. Kodwa le encane efayo, into ephendukezelwe ophila kuyo, ebizwa ngokuphila, ungayithatha uma uyifisa. Kodwa, uyakhombisa ukuthi lokho akusikho ukuPhila! Yeka ukuthi kuba lusizi kangakanani!

⁸⁸ Lokhu esikubiza ngokuphila manje, kuyisithunzi nje noma isithombe inegethivu. Sonke siyathanda ukuthokoza, kodwa singathokoza ngento efanele. Lokho kukhombisa ukuthi sixhunye nento yangempela, lapho sithokozela into efanele. Kodwa uma sithokozela into engalungile, kukhombisa ukuthi sixhumene nento engalungile. Ngakho-ke, ukuphila kwethu kungasho khona manje lokho esiyikho, indlela imizwa yethu egijima ngayo. Niyabo? Si . . .

⁸⁹ Uma sithokozela izwe nezinto ezimbi, izingqondo zethu nemiphefumulo yethu iphefumulelwa ngokwaphansi. Udum-

dumu, imidanso, ubuhlungu benhliziyo, ukuphuza, zonke lezi ezinye izinto esizigijimelayo, kuvela ngaphansi.

⁹⁰ Kodwa uma sithokoza eMoyeni, ukuthi sinokuPhila okuPhakade, futhi siphakamisela amadlingozi ethu kuNkulunkulu futhi siMdumise, khona-ke sinenjabulo. Khona sinokujabula. UJesu wathi, “Ngi . . . ukuze ukuthokoza kwenu kugcwele.” Kodwa, hhayi egcwele ukuphila okuphendukezelwe, kodwa egcwele ukuPhila okuPhakade, ngaPhezulu. Ngakho-ke, niyabona, kuya ngokuthi ubhekani.

⁹¹ Manje isibonelo nje, engxenyeni yesifundo esiphathelene nenqondo yakho, ukugula okuphethelene nengqondo; manje ake siqaphele, umzuzwana nje, lokhu kubeka okuphathelene nengqondo. *Nasi* isithombe sikaKristu, futhi *nasi* isishayisamoya sikagesi. Kuya ngokuthi ngibheka kukuphi, niyabo, uma imizwa yami inyakaziswe ngalendlela noma imizwa yami inyakaziswa ngaleyondlela. Uma ngibuka *kulokho*, futhi ngikulangazelela lokho futhi ngifisa lokho, imizwa yami ibekwe ngakwisishayisamoya. Kodwa uma ngibheka ngalendlela, imizwa yami nesifiso sami kubekwe ngaleyondlela.

⁹² Yingakho uJesu athi, “Yilowo nalowo obuka owesifazane amkhanuke, usephingile vele naye enhliziyweni yakhe.” Niyabo? Kulapho imizwa yakho ibekwe khona, lapho imicabango yakho ikhona.

⁹³ Bese-ke singaqhubeka sithokoza, ngoba singabantwana besithembiso, eBandleni likaNkulunkulu laPhakade elikhulu, elinesithembiso sikaKristu uQobo, “Singehluleke.” Kunjalo.

⁹⁴ Umhlaba ucabanga ukuthi siyahlanya. “O, *lokhu* ngukuphila! Huu!”

⁹⁵ Namuhla ngizobona inenekazi elaya e . . . Futhi nodokotela wengqondo . . . Lineminyaka engamashumi amathathu nanhlanu ubudala; alikaze libheme, alikaze liphuze, empilweni yalo yonke. Intombazane enhle kakhulu. Abantu bakubo bangamaKristu. Ubaba wayo ungudokotela. Futhi yayi . . . yanikela ngokuphila kwayo kuKristu, ekuqaleni. Futhi yenzani na? Iyaphuma, futhi ekugcineni ifika endaweni ekolishi eyayifundisa kulo. Nodokotela wengqondo lapho, wahlala phansi ukuba akhulume nayo, wayesethi, “Uqonde ukuthi awukaze wangiwe ngumfana na?”

Yathi, “Lutho nakanye, empilweni yami yonke.”

⁹⁶ “Uqonde ukuthi Awukaze uphuze kancane futhi ube sephathini na?”

“Nhlobo.”

Wathi, “Ntombazana, awazi ukuthi uphuthelwa yini.”

⁹⁷ Manje, yena engudokotela wengqondo, wayisonta ingqondo yentombazane, kuze kube manje isibe ngekhohlakele kakhulu futhi ibe yimbi kakhulu, ize ingafuni ngisho nokuzwa

iGama likaJesu likhulunywa ebukhoni bayo—bayo. Futhi ngisho uyise nonina abasakwazi nokuyibona, nhlobo. Futhi ilahlekelwe ingqondo yayo, futhi kuleliviki elizayo izoya esikhungweni ukuze ithole ukwelashwa ukwethuka. Yingenxa yokuthi yaguqula imicabango yayo yasuka kuKristu, kulokho lowodokotela wengqondo wayenyakazisa umqondo wayo.

⁹⁸ Futhi yilokho esiyikhonela lapha, kulokhukusa, ngukususa ingqondo yakho nokucabanga kwakho ezintweni zezwe, kuze kube yizinto zikaNkulunkulu, eziPhakade. Futhi kungokwalokho-ke ukushumayela, kungukuphendukezela ukucabanga kokuphakeme nokungcono, futhi kuye endaweni lapho uKristu ekhona, uze uphenduke. Bese kuthi-ke ingqondo yakho ifinyelela kulezozinto zaPhezulu.

⁹⁹ Manje, kodwa ukuphila kulena enye indawo, kufika entombazaneni, babecabanga ukuthi ingahle ithathe ushevu noma nini. Impela, ukuphila kuba lusiza kakhulu, lolohlobo lokuphila, baze bazibulale, bathathe ushevu nakho konke.

¹⁰⁰ Manje, kodwa, uNkulunkulu, emnothweni waKhe omkhulu wesintu, wenze umuntu ngendlela Ayefuna umuntu abe yiyo. Manje, Wenza umuntu woma.

¹⁰¹ Nimqaphelile uDavide lapha na? Wathi, “Umphefumulo wami womele Wena.” O, ngiyakuthanda lokho. “Njengasezweni elomile, lapho amanzi engekho khona.” Cabanga nje. Wathi, “Umphefumulo wami wome kakhulu, Nkulunkulu! Ngomele wena, njengalokhu ngangisezweni elingenamanzi.” Ufanele athole amanzi noma abhubhe. “Umphefumulo wami womele Wena.”

¹⁰² Manje, uNkulunkulu wenza umuntu abe nokoma. Leyo yingxenye yesidalwa esingumuntu, ngukoma kwakhe. Kodwa, uNkulunkulu wenza ukoma kumuntu ukuba omele uNkulunkulu. Nodeveli ukuphendukezele, wakwenza komele umbuso waKhe, womhlaba. Niyakuthola na? Ukoma komuntu kungcwele, ngoba uNkulunkulu wenza umuntu ukuthi ome, omele uNkulunkulu.

¹⁰³ Futhi banesibindi kanjani abanye benu, abangaba bancane kakhulu kangangokuthi baze bakhale... nizame ukucisha leyonto ebusisiwe yokoma, ngokuzama ukwanelisa lokho ngokuphuza, nokubhema, netelevishini, nokugijima nokuqhubeka, nokuzithokozisa, ezama ukwanelisa leyonto engwele uNkulunkulu ayifake kini ukuba womele Yena. Ungcolisa umthombo uNkulunkulu awubekile kuwe, ukwamukela uMoya waKhe, futhi uyiminzisa ngezinto zezwe. Futhi azenelisi. Azisoze zanelisa.

¹⁰⁴ Futhi yingakho nibeke ivolovolo ezingqondweni zenu, ukuze niziqhumise, yingenxa yokuthi izinto zihamba ngendlela ezihamba ngayo. Futhi izwe lisekuzibulaleni okukhulu, ekuphendukezeleni nobungqingili, futhi ubugebengu busezweni

ngendlela obuyiyo, yingenxa yokuthi uphendukezela yona kanye into uNkulunkulu akunika yona, futhi uzama ukuyenelisa ngobubi bezwe.

¹⁰⁵ Thatha lowoMoya oNgcwele obusisiwe, uNkulunkulu abeke ukoma emphefumulweni wakho ukuba uwubize, futhi wena ukunelisa ngenayithiklabhu ndawo ndawo, akumangalisi ube nekhanda elibuhlungu ngakusasa ekuseni. Bese kuthi-ke, uyothatha i—ikesi likabhiya bese uya endlini yakho, futhi uhlale phansi futhi uliphuze, uzama ukwanelisa lokho koma okungcwele uNkulunkulu akubeke emphefumulweni wakho ukuba womele Yena. Futhi uthathe indawo kadeveli futhi uzame ukwanelisa u—ukoma uNkulunkulu akubeke kini, ukomela Yena, ungayemukela kanjani noma yini ngaphandle kokwehlukana kwaPhakade eBukhoneni bukaNkulunkulu uSomandla! Ngenkathi, Wakwenza ukuba womele Yena!

¹⁰⁶ NoDavide wazinikela, wayesethi, “Umphefumulo wami womile, sengathi ngangisezweni elomileyo lapho kungekho khona amanzi. Ngomele Wena, O Nkulunkulu.” Nakho lapho ukhona. UDavide wathi, “Ngikubonile endlini yaKho engcwele, futhi umphefumulo wami womele lawo Mandla.” Nakho lapho okhona. Yilowo umehluko. Yilokho okwenza izinto zehluka, ngukoma uNkulunkulu akunika khona, uma ukwanelisa ngaManzi.

¹⁰⁷ “Zanini kiMi, nina nonke enomileyo. Wozani niphuze emithonjeni yokuPhila, ngesihle, ngaphandle kwemali, ngaphandle kwenani. Kukhona umthombo ovulekile endlini kaNkulunkulu, emzini kaDavide.”

¹⁰⁸ Nanko uMthombo eniwomeleyo. Impela, kunjalo. Ungazami ukukuphendukezela, ngokuzama ukuthi, “Ngizokwenelisa, ngokuphuza. Ngizokwenelisa, ngokukhipha lentombazane. Ngizothi nyelele ngiphuma kancane kumyeni wami. Ngizophuma kancane kumkami.” Uqongelela ukwahlulela kuphela!

Wena uthi, “Angenelisekile, Mfowethu Branham.” Akumangalisi!

¹⁰⁹ NguNkulunkulu osebenzana nawe. UNkulunkulu ezama ukukuphela kokuthile, futhi wena uthatha ukuboniswa udeveli futhi uhambe nakho. Futhi yileyondlela usizi olufika ngayo. Yileyondlela ukufa okufika ngayo. Futhi leyompilo ayikhona ukuPhila; kungukufa. “Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa; kodwa isipho sikaNkulunkulu singukuPhila okuPhakade kulabo abayoKwemukela.” O, ungakhohliswa.

¹¹⁰ Khona-ke, udeveli unenye indlela. Sinesikhashana nje, nokho, salokhu. Udeveli unenye indlela yokuphendukezela, ngaphandle kwalokho. Ethi, “Ngithi angiphuzi, Mfowethu Branham, angibhemi. Angigembuli. Bengingeke ngigijime ngishiye umyeni wami noma umkami. Ngi—ngizokwenza...

ngiphila ukuphila okulungile.” Kodwa udeveli ukuphendukeyele lokho. Ukwenza ucabange, ukwanelisa unembeza wakho onecala, ukuthi uyahamba uyojoyina isonto futhi ukahle. Lokho okulungile. Lokho ngukuphendukeyela. Awukwazi ukuthola ukwaneliseka ngokujoyina isonto. Uba nengqondo kuphela; wudaba lobuhlakani.

¹¹¹ Kodwa awusoze waneliseka uze wazi Yena, njengokuthethelelwa kwezono zakho, lapho umbuzo wesono usuxazululiwe, futhi unaleyo ethandekayo, enokuthula, ethule, yaPhakade, inhlanganyelo yangunaphakade naYe. Lapho ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke sekungwelisile umphefumulo wakho futhi kukwenza isidalwa esisha kuKristu Jesu. Ukujoyina ibandla ngeke kukwenze. Qhabo, mnumzane. Lokho kungukuphendukeyela kuphela imbangela yangempela. Uma udeveli engakwazi ukukukhipha kulezo zinto, uzokuthatha akuyise kulokhu okunye. Kodwa unganeliseki ngento engaphansi kwesehlakalo esiyimfashini endala sokuZalwa okusha, ukuzalwa ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu oPhakade. Lapho umphefumulo wakho noNkulunkulu kuhlanguka ndawonye futhi niba munye.

¹¹² UDavide, futhi, kumaHubo, eyi—indoda yamahlathi nomzingeli.

¹¹³ ENingizimu basayisebenzisa, izigejane zezinja zasendle zilandela izinyamazane amadiye, inqwaba yesikhathi. Futhi e-Afrika ngikuqaphelile. Futhi lapho izinyamazane amadiye sezigijima, injinja zasendle ziyazinephula. Futhi zinamazinyo angaphambili abukhali ngempela. Futhi zinyonyoba kakhulu, njengesono. Ziqamekela inyamazane encane idiye. Ziphikisana nomoya ukuze ingazinuki. Futhi ziyaphuma, khona manjalo, zimboza umfo omncane, futhi zimklebhule abe yizicucu.

¹¹⁴ Yileyondlela isono esenza ngayo. Sikususa esizindeni esingafanele. Uma ucabanga lokho, wena, “Awu, ngizozama nje obancanyanyana kwalokhu. Ngizodlulela ngalokhu. Ngi... abasoze bazi lutho ngakho, *lokhu, lokho*.” Ungakhathazeki, kukhona Iso elibona konke elikubhekile. Nesono silele emnyango. Qaphela. Sizokuthola.

¹¹⁵ Futhi-ke ngezinye izikhathi lapho inyamazane encane idiye isibanjiwe, mhlawumbe ngezinye izikhathi bayibamba ngesinye isikhathi ohlangothini phakathi kwezimbambo nezinqulu. Mhlawumbe zingazifiki phezulu ngokwanele ukuze zizehlise. Ziyibambe ohlangothini phakathi kwezimbambo nenqulu bese ikhipha isigaxa sonke. Futhi mhlawumbe, khona-ke, izoyibamba, ukuze inqamule imisipha yayo emajoyontini enqineni emuva *lapha*, okuyephula phansi, khona-ke ngeke isakwazi ukugijima. Ayinakuzisiza.

¹¹⁶ Kodwa ngezinye izikhathi iyophakama kakhulu, futhi imkhuphukele enqulwini, futhi igxavune lonke isigaxa sayo,

kanjalo, laphoinja ivele ifinyelele khona futhi iyibambe, futhi iphonse isisindo sayo kuyo, futhi igxavune sonke isigaxa siphume. Mhlawumbe izowugeja umthambo omkhulu entanyeni emphinjeni wayo, futhi iyibambe esifubeni idwengule sonke isihlephu. Nalowomuntu ompofu, umfo omncane egxuma futhi egijima ngamandla akhe onke, futhi, into yokuqala niyazi, uzigejile izinja futhi uzikhohlisile. Izinja zigijima zilandela enye into, futhi yena uyagijima. Uyazi ukuthi ngeke kwenzeke kodwa kancanyanya nje, kuze kube lezo zinja, kuthi nje zingabulala, enye, zizobe zilandela yona. Futhi iyasuka, ngamandla ayo onke.

117 Manje, ngokuba ngumzingeli, ngijwayelene nezinyamazane amadiye. Ngijwayelene nokuziphatha kwazo. Futhi uma uqaphela, inqobo nje uma inyamazane ingakwazi ukufika emanzini, mfowethu, ingavuselela ukuphila ngomzuzwana. Kodwa uma ingakwazi ukufika emanzini, isiphelile. Kodwa uma ingakwazi ukufika emanzini, ungayilandela usuku lonke, futhi izoqhubeka ihamba. Iyothatha umfudlana; izowela ngalendlela, futhi izobuya ngalendlela. Izobuyela emuva ngalendlela. Izokwehla emfudlaneni futhi ihambe. Uzama ukukhohlisa izinja.

118 Manje, uDavide wathi, “Njengendluzele ilangazelela umfula wamanzi, kanjalo umphefumulo wami womela Wena, O Nkulunkulu.” Ulimele. Izinja ezinkulu zesihogo zilandela nina nonke. Ufuna kuphela nje ukukususa kuMelusi wezimvu, kube kanye. Futhi bebamba bese begxavuna okungagcwala isandla *lapha*, nokugcwele umlomo *lapha*, ukukuvimba. UDavide wathi, “Njengendluzele ilangazelela umfula wamanzi!” O, ufanele athole umfula wamanzi, noma abhubhe.

119 Nkulunkulu, lokho makube ngumphefumulo wethu namuhla! Ngilimele, “Uma ngingawutholi umfula wamanzi, izinja ezinkulu zomkhondo zizongithola maduze nje. Kodwa uma nje ngingathola umfula waKho wamanzi, O Nkulunkulu!”

120 Inyamazane encane idiye iyazi ukuthi kuphakathi kokuthi... Ukufa noma umfula wamanzi. NoDavide wathi, “Njengaleyonyamazane idiye iyazi ukuthi kungukufa, noma umfula wamanzi, yileyondlela umphefumulo wami owomela Wena ngayo. Ngifanele ngiKuthole, noma ngibhubhe.”

121 O, ukuba kuphela besingafinyelela kulolo hlobo lokuPhila! “Babusisiwe abalambale futhi bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa.”

122 Kwangathi lokho kungaba yizinjongo zalelibandla kulokhukusa. Kwangathi uthando lwenu lungaphendulwa lusuke ezintweni zezwe, iminako yezwe. Noma ngabe yindlu yakho ihlanziwe, noma ngabe ipulazi lakho linokhula, noma kungaba yini, kwangathi kungaphendulelwa kuNkulunkulu. “O Nkosi, umusa wakho wothando ungcono kimi ngaphezu kwakho konke ukuphila. Umphefumulo wami womele Wena, sengathi

ngangisezweni elomileyo. Futhi njengendluzele emfuleni wamanzi, umphefumulo wami ufanele uthole Wena, noma ubhubhe.”

¹²³ Lapho iTabernakele likaBranham lifika kuleyondawo, izimfundiso-ze ziyogathaka ziphume ngeminyango, imehluko iyogedwa yonke, futhi amaKristu ayoba ngamaKristu. Futhi i...Lena kuzoba yindawana okuzokhulunywa ngayo, emhlabeni jikelele, lapho noma yiyiphi inhlango yebandla yabantu iyokomela uNkulunkulu ngaleyondlela. “Umusa waKho wothando ungcono kimi, O Nkosi, kunokuphila.”

Asikhuleke.

¹²⁴ Baba wethu obusisiweyo, noNkulunkulu, njengoba siza kuWe manje ekuvaleni kwaloMlayezo omncane, sikhulekela ukuthi ukulamba nokoma kuzoba kulelibandla elincane, kulokhukusa, kunanini ngaphambili. Kwangathi abesilisa, abesifazane, abafana namantombazane, namhlanje e... ngaphakathi ngaphansi kophahla lapha, nangaphandle, kumbe noma ngabe bakuphi, sengathi bangezwa iVangeli, futhi bazi ukuthi—ukuthi kukhona okuthile okubenza bomele okuthize.

¹²⁵ O, isiyaluyalu esingaka! Wathi kuyoba yisikhathi esifana nalesi, “isiyaluyalu, isikhathi sokudideka, usizi phakathi kwezizwe.” O, uma nje bebengathatha lokho kunxanela amandla engeziwe, ukunxanela amabhoma engeziwe, ukunxanela lezozinto, futhi bakuguqule kube ukunxanela ukulunga kukaNkulunkulu, khona-ke iLanga lokuLunga liyofika nokuphulukisa emaphikweni aLo.

¹²⁶ Futhi ngenkathi u-Israyeli ehelelwa, khona-ke abantwana bazalwa. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzofaka lokho koma ezinhliziyweni zethu namuhla, ukuthi akukho kwaneliseka ndawo ezweni, kuphela emsindweni wokuphophoza kwamanzi aKho. O Nkosi, utwa malubize uTwa. Siphe khona, Baba. Sikhuleka eGameni likaKristu.

Futhi sisakhothamise amakhanda ethu.

¹²⁷ Ngiyazibuza, ebandleni, kulokhukusa, uma othile ubengaphakamisa isandla sakhe, athi, “Mfowethu, melusi, ngikhulekele,” manje ngenkathi mina noMfowethu Neville sisabuka. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. “Ngifuna uKristu. Ngifuna ukoma enhliziyweni yami kanjalo. Ngikhathele ngidiwe nje ukuhamba lapha nengxenywe yendlela ngalendlela naleyondlela. Ngifuna ngempela ukomela uNkulunkulu. Ngikhulekeleni, mfowethu, belusi. Nizokwenza...”

¹²⁸ UNkulunkulu akubusise, sisi. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Futhi uNkulunkulu akubusise, mfowethu. Omunye phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhulekele.” Njengoba... UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Kulungile. Omunye manje, ngaphambi nje kokuvala, phakamisa isandla sakho, uthi,

“Ngikhulekele.” UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Impela. “Ngiyawufuna, nami.” UNkulunkulu akubusise, dade, emuva lapho. Makuthi . . .

“Emsindweni ophophozayo wamanzi aKho.”

129 “O Nkulunkulu, yenza—yenza—ngenze ngazi ukuthi ngingumuntu ontekenteke, ukuthi, angazi ukuthi lemicu yempilo ephukayo iyogqashuka ngasiphi isikhathi, futhi ngiphumela ePhakadeni. Kodwa mangibe njalo, O Nkulunkulu, ukuthi umphefumulo wami womele Wena kakhulu, kangangokuthi angeke ngisafuna ukuphuza, ngingabe ngisabhema, ngingabe ngisaqamba amanga, ngingabe ngisafuna ukuzihlanganisa nesono. Uthando lwami malubekwe ezintweni zaphezulu. Ngiphe khona, O Nkulunkulu, njengoba ngiphakamisa isandla saMi.”

130 UNkulunkulu akubusise, nawe, nawe, nawe. UNkulunkulu akubusise. Ubaba uyasibona isandla sakho; impela, u—uNkulunkulu osezindaweni zonke. UNkulunkulu akubusise. Vele ukuvume khona manje, ngenkathi usahlezi lapho. Vuma nje, uthi, “Nkosi, faka lokho koma kimi.”

131 Bantwana, niyakwazi lokhu, ukuthi anizukufinyelela kuNkulunkulu noma yini okungaphansi kwalokho na? Ngabe lokho ukoma okujulile, leyo—leyonto ethize elangazelela uNkulunkulu na?

132 Njengempofu, inyamazane idiye encane, ungayicabanga na? Ilimele. Iyafa. Kuphakathi kokuthi umfula wamanzi noma ukufa. Futhi ifanele . . . Uyayibona iphakamisa ikhanda layo elincane na? Futhi iyahogela. Inuka umoya. Igazi liyagobhoza. Ifanele ifinyelele kulowomfula wamanzi. Izofanele ikwenze. Wonke amachashaza amancane, lonke igatsha elincane eliluhlaza, iya ngakulo. Imele ibe nawo. Ingabe womele kanjalo uNkulunkulu na?

133 UDavide wathi, “Yileyondlela ukoma kwami—kwami—kwami okungayo, Nkulunkulu. Ngifanele ngibe nakho nje, kungenjalo ngizobhubha. Ngifuna ukuPhila. Nomusa waKho wothando kimi, lapho ngizwa uBukhona baKho, ngibona ukuphila kwami kuhambisana neZwi laKho, kungcono kimi kunakho konke, yonke enye into, konke okunye ukuphila nakho konke. Uthando lwakho lomusa!”

Vuma iphutha lakho manje, njengoba sikhuleka.

134 Manje, Nkosi, Uzibonile izandla. Uyabazi abantu. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzothethelela sonke isono. Dala kubo lokhu koma okukhulu okuzayo, abakufisayo. Izinhliziyi zabo zilambile.

135 Wonke umuntu emhlabeni namuhla, ngicabanga ngalokhu, izwe lakithi, elihlanyiswa yinjabulo. O Nkulunkulu! Amabayiskobho, amatelevishini, izindaba ezindala ezingcolile!

Futhi ukuzwa ukuthi kuthatha abathathu noma abane odokotela bengqondo ukugcina u-Elvis Presley esikrinini, no-Arthur Godfrey nabaningi balaba abanye. Kusanda kudalulwa nje ngeviki eledlule, yilentatheli yaseNew York, ukuthi ibavakashele futhi yazi ukuthi odokotela bengqondo abathathu noma abane, komunye nomunye, ukuzama ukwehlisa lomhlaba endaweni yamahlaya amabi, angcolile, anyanyisayo, angenandaba.

¹³⁶ Futhi—futhi abesifazane emgwaqeni, ukuthi abesilisa balahlekelwa kanjani yizingqondo zabo, beya ezindaweni; kanye nokufanisana izingubo ezingcolile zokugqoka kubo. Futhi ngiqaphela, Nkosi, ukuthi lowo mpofo, umesisi omncane phandle lapho emgwaqeni, nomzimba wakhe omncane weluliwe, nezingubo ezibukeka zingenasithunzi. Naleyondoda ngaleya ebhaleni, kulokhukusa, yazi ukuthi izama ukwanelisa ukoma uNkulunkulu ayinika khona ukuba yomele Yena, uNkulunkulu, uzama ukukwenelisa ngokobuzwe, izinto zezwe. Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi ngandlela thize noma enye... angazi kanjani, kodwa ngiqagele nje kufanele kube yilelihora.

¹³⁷ Kodwa kulabo ababiziwe, futhi baphakamise izandla zabo, baphe, Nkosi, leyonto enhliziyweni yabo abayidingayo. Lokho koma okubusisiwe, kwangathi kungacinywa namuhla, ngokwenziwa kabusha kukaMoya oNgcwele ubhukuda emiphefumulweni yabo futhi ubanika lokho abakufisayo. Ngikucela eGameni likaKristu. Amen.

Kunezwe ngaphesheya komfula,
 Esilibiza ngokuthi limnandi ingunaphakade,
 Futhi sifinyelela kuphela kulologu ngezinga
 lokukholwa;
 Ngamunye ngamunye sizongena esangweni,
 Lapho ukuhlala nabangasayikufa,
 Lapho beshaya lezo zinsimbi zegolide. . .

Manje lihamisheni, kalula impela manje.

Anizizwa izinsimbi manje sezikhala na?
 Anizizwa iziNgelosi zicula na?

Yilapho konke kuhlangukiswa kokukodwa.

Inkazimulo haleluya iJubili.
 Kulelophakade elimnandi elikude,
 Ngaleya nje komfula ocwebezelayo,
 Lapho beshayela wena nami lezo zinsimbi
 zegolide.

¹³⁸ Bangaki abaMthandayo na? Phakamisa isandla sakho. Bonga iNkosi. Manje finyelela ngqo ngaleya, nixhawulane nomuntu osezude kwenu, niithi, “UNkulunkulu akubusise.”

. . . lezo zinsimbi seziyakhala?
 Anizizwa yini iziNgelosi. . .

Impela, siyizakhamuzi zoMbuso.

Lokho yinkazimulo haleluya iJubili.
 Kulelophakade elimnandi elikude,
 ingunaphakade
 Ngaleya nje komfula ocwebezelayo,
 Lapho beshayela wena nami lezo zinsimbi
 zegolide.

¹³⁹ Manje, Baba, yemukela imimoya yethu nokukhonza kwethu, njengoba sikunikela kuWe. Futhi silungiselela nje ukukhulekela abantwana abagulayo manje. Sikhulekela ukuthi uMoya waKho uhlale phezu kwethu. Ukuze sikwazi ukukhuleka umkhuleko wokukholwa kulabo abaswele ngalelihora. Siphe khona, Baba. ngokuba sikucela eGameni likaKristu. Amen.

¹⁴⁰ Manje kwangathi abagulayo bangabuthana ngase-altare sisabagcoba futhi sikhuleka kanye nabo. Singajabula ukunisiza. Sizobe sikhapha inkonzo, ningahlala eyishumi elilandelayo, imizuzu eyishumi nanhlanu.

¹⁴¹ Awu, siphe—siphe, Dadewethu Gertie, “Ngilindelwe ikusasa elijabulisayo.”

. . .lindwe ikusasa elijabulisayo,
 Lapho amasango eparele eshwibeka evuleka
 kakhulu,
 Futhi lapho ngiwela leli veli losizi,
 Ngizomisa ngakolunye uhlangothi.

Ngoluny’usuku ngaleya kokufinyelela kolwazi
 olufayo,
 Ngoluny’usuku, uNkulunkulu kuphela
 owaziyo ukuthi kuphi futhi nini,
 Amasondo okuphila okufayo ayokuma nse,
 (Kuyokwenzekani-ke na?)
 Khona-ke ngohamba ngihlale egqumeni
 laseSiyoni.

Ngoluny’usuku ngaleyo kokufinyelela . . .
 (Cabanga ngakho!) . . .ulwazi olufayo,
 Ngoluny’usuku, uNkulunkulu kuphela
 owaziyo ukuthi kuphi futhi nini,
 (Kuyokwenzekani na?)
 Amasondo okuphila okufayo ayokuma nse,
 Khona ngohamba ngihlale egqumeni
 laseSiyoni.

Yehlela phansi, nqola enhle,
 Uzong’thwala ngiye eKhaya;
 Yehlela phansi, nqola enhle,
 Uzong’thwala ngiye eKhaya;

Umkhumbi omdala waseSiyoni,
 Umkhumbi omdala waseSiyoni, (Udumo!)
 Umkhumbi omdala waseSiyoni,
 Ngena emkhunjini, ngana emkhunjini.

Ufikise ubaba wami omdala,
 Ufikise ubaba wami omdala,
 Ufikise ubaba wami omdala,
 Ngena emkhunjini, ngana emkhunjini.

Umkhumbi omdala waseSiyoni,
 Umkhumbi omdala waseSiyoni
 Umkhumbi omdala waseSiyoni,
 Ngena emkhunjini, ngana emkhunjini.

¹⁴² Mfowethu Craig, [Akuqoshwanga—Umhl.] Mfowethu Junie, nonke yenyukani, nikhuleke nabagulayo. Nonke, Mfowethu John, noma yimuphi kini ofuna ukuza ngapha, wozani phambili ngqo.O!

O ngeke [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]
 kumangalise yini lapho,
 Ugenamthwalo ongawuthwala na?
 Ukuhlabelela ngenjabulo ngezinsimbi
 zenhliziyo zonke zikhala,
 O ngeke kumangalise yini lapho na?

Ngeke kumangalise yini, kumangalise lapho,
 Ugenamthwalo ongawuthwala na?
 Ukuhlabelela ngenjabulo ngezinsimbi
 zenhliziyo zonke zikhala,
 O ngeke kumangalise yini lapho na?

Ukuhamba nokukhuluma noKristu,
 oPhezukonke,
 Ngeke kumangalise yini lapho na?
 Ukuhamba nokuhlabelela noKristu,
 oPhezukonke,
 Ngeke kumangalise yini lapho na?

Ngeke kumangalise yini, kumangalise lapho,
 Ugenamthwalo ongawuthwala ngaleya na?
 Ukuhlabelela ngenjabulo ngezinsimbi
 zenhliziyo zonke zikhala,
 O ngeke kumangalise yini lapho na?

¹⁴³ Uma sicabanga ngalezo zinto, zinkulu futhi zimangalisa kanjani! O, Yena ungokoqobo kithi. Ngeke kumangalise yini lapho na? INyaga enkulu manje ikhona. Ifuna ukuphulukisa abagulayo nabahluphekileyo. Ifuna ukwenza labo abakhatheleyo babe namandla. Ifuna ukwenza labo abahluphekileyo baphile.

¹⁴⁴ Manje asikhothame manje eBukhoneni baKhe nje njengoba sinikela kuYe izindumiso zethu.

145 O Wena Nyanga enkhulu, lapho izinhliziyi zethu zopha, sikhala njengezimvu zaKho. Futhi siyawuzwa uMoya waKho uhamba ubuyela kithi. “Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi.” Futhi siyathanda ukumemeza izindumiso zaKho. Siyathanda ukukhala eBukhloneni bakho ngenjabulo. Siyathanda ukuzwakalisa imizwa yethu kuWe, ngoba siKuthanda ngakho konke okungaphakathi kwethu. Umphefumulo wethu wonke, ingqondo, nomzimba wethu uthanda iNkosi.

146 Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzosinika lokhu, ukujula nokujula, njalonjalo. Kwangathi Lingaba ngokoqobo kakhulu kithi, ukuthi izwe liyofiphala, nabo bonke ubuwula balo, khona-ke ngeke isabakhona imicabango yakho. Liyofiphala lingene ePhakadeni. Lalinesiqalo, manje kwangathi lingaba nesiphetho, futhi. Siyazi ukuthi kuzokwenzeka.

147 Futhi manje siyakhuleka, Nkulunkulu, njengoba thina, abantwana baKho, simi lapha, sinxuselana omunye nomunye, eGameni leNkosi uJesu, ngenxa yobuthakathaka obusemzimbeni wethu, obangwa yisono sesikhathi esedlule, nobubi bezwe, nenyama yethu efayo. Sithobela kakhulu zonke izitha ngoba kuseyisono. Futhi sithi iBhayibheli liyasitshela, ngokusobala, ukuthi, “UMoya oNgcwele usiza ubuthakathaka bethu, kanye nokunxusela.”

148 Futhi siza kuWe, Baba, kulokhukusa, ngokuzithoba, sikholwa ukuthi Uzosinxusela manje, ukuthi, njengoba sivuma isono sethu, namaphutha ethu, nezifiso zethu ngaWe. Izinhliziyi zethu zilambele ukuphila, ukuze sikwazi ukukhonza futhi senze umsebenzi Obungafuna siwenze. Siphe, Nkosi, njengoba ilunga laKho liya phambili ligcoba, ngiyeza ngibeka izandla phezu kwabagulayo, kwangathi uMoya ungaphuma uphilisa. Sicela lokhu ukuba kwenzeke, ngoJesu iNkosi yethu.

Manje, lunga, uma uzoqala phansi lapha nje bese ukhuphukela phezulu ngqo.

149 Wonke umuntu emkhulekweni, manje, kancane sicula *INyanga eNkulu*. Wonke umuntu ecula kancane.

150 [UMfowethu Branham ushiya ipulpiti futhi uqala ukukhulekela abagulayo. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

151 Angiphosisi, lona nguDadewethu Craig. [UDadewethu Craig uthi, “Yebo.”—Umhl.] Ngiyasiqonda isimo sakho, Dadewethu Craig, ukuthi ugule kakhulu, kwadingeka uhambe...?... [Udade ukhuluma noMfowethu Branham]. . . . Manje buka. Phezulu le phandle laphaya kulezo zingwadule, usebenzele kude nomyeni wakho lapha, ngenxa kaKristu. Yona kanye into oyimelile, Dadewethu Craig, iyona kuphela into engakusiza manje. Futhi njengenceku kaNkulunkulu, futhi uyazi ukuthi siyakuthanda wena noMfowethu Craig lapha, sonke lapha ebandleni. Futhi siyawuthakasela umsebenzi wenu ogwadule, phakathi kwabantu baseNdiya. Futhi ukuthi uyeza manje, lesi

yisibhedlela kulokhukusa. Nakhu lapho iNyanga imi khona, lowo Omkhulu. Futhi ukwenza lokho kuhlinzwa, sizokunikeza okunye...?..IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili. Angahle afune ukwehla futhi amsuse. Ungabi nethunzi elilodwa lokungabaza, Dadewethu Craig! Njengokuthi...?..

152 Kulungile, Mfowethu Neville, hamba futhi ugcoke.

153 Baba waseZulwini othandekayo, nansi inkosikazi yomfundisi,...?..lapho ogwadule olushisayo. Labo abaseNdiya baphila futhi bakuzwa, ezama ukubazuzela kuWe. Futhi emile lapha kuleli altare elincane namhlanje. O Baba onomusa, njengoba thina, sibeke izandla zethu phezu kwaKhe, njengesibonakaliso, sikholwa ukuthi iBhayibheli liseyintando kaNkulunkulu engenaphutha. Sibeka izandla phezu kwaKhe. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

...mhlophe njengeqhwa, lutho ngaphandle
kweGazi likaJesu;
Yini engenza ngiphelele futhi na?
Lutho kodwa iGazi likaJesu.

O, kuyigugu ukugeleza . . .

154 [UMfowethu Branham ukhuluma nodade, lapho ibandla liqhubeka nokucula—Umhl.] UNkulunkulu akubusise, dade.

155 UmkaMfowethu George Colvins useNorton's Infirmary Hospital, eLouisville, kinina enivakashayo ukubabona. No—noNkk. Colvin, owayenomdlavuzwa wesisu, umamezala wakhe—wakhe ungcono. Ngakho-ke, siyabonga ngalokho.

156 Manje, kinina nje bantu enigulayo, futhi nakhulekelwa, ngithanda ukusho lokhu, igama elincane nje. Futhi sesiphuzile kancane nje, kodwa into ethize encane nje.

157 Mayelana nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, o, kuyinto enhle kakhulu. Futhi kulula kakhulu uku—ukusondela kukho, uma nje uthatha isimo sengqondo esifanele ngakho, niyabo.

158 Manje, umbono engaba nawo, futhi ngawuchaza ebandleni lapha, mayelana namanzi, (niyakukhumbula lokho), nedamu lisohlangothini lwesokunxele, nomfula ugeleza ubuyela emuva ngaleyondlela, konke nokunci kwakho kwembuleka khona lapho eCanada, ngokuphelele nje. Futhi uMfula iSaskatchewan ugeleza uye empumalanga esikhundleni sasentshonalanga, nezimpophoma zazingakulolo hlangothi esikhundleni solunye. Ngangena, futhi lalibanda, liphephetha futhi likhithika, ngabuya ngaphuma, nelanga libalele. Ngangena khona lapho, ngathola isiqu esidala, yonke into, ngokuphelele nje njengoba kwakungaba njalo. Nokuphenduka enkonzweni yami. Impela.

159 INkosi yembulile lapha, emavikini ambalwa edlule, ukuthi kwenziweni ngokubona okufihlakeleyo, nokunye nokunye,

sekuqale ukuba yisibusiso esikhulu kunazo zonke. Futhi singakhulekela abantu ngokwengeziwe.

¹⁶⁰ Futhi manje, emsamo, emva kokuba imibono yayisiphelile, sabiza imibono futhi umsa-. . .kuqala, ukuqala nje. Bese kuthi-ke ngenkathi abantu bekhuphuka, okokuqala, nizobona ubufakazi manje.

¹⁶¹ Manje, nasi isizathu, khona lapha. Ukube—ukube asizange sikhuliswe ndawonye. Niyabo, siyizinganyana nje lapha, ndawonye, ukuthi sikhuliswe ndawonye, yingakho ningazi. . . Niyazi ukuthi ngiyakuthanda ukuzingela nokudoba, nokunye nokunye, futhi lokho—yilokho okukususayo.

¹⁶² UMfowethu Bill ungumfowenu nje, niyabo, ukuthi uyangithanda nami ngiyakuthanda. Niyabo? Futhi uphumela lapha, futhi, awu, uma—uma ubufuna kulungiswe izibani zakho ubungeke ube nandaba ukungishayela ucingo, woza ukwenze, kuzame. Futhi uma bengingakwazi, bengizoshayela uMfowethu Rhody ucingo. Ngakho-ke thina nje. . .noma okuthize, niyazi, ngalolohlelo. Niyabo? Futhi lokho nje kuvamile phakathi kwenu. Kwenye indawo kubonakala kuhlukile. Uma si. . .Awu, manje si. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Leyo ngenye yezimonyo, njengeso elinsundu neliluhlaza okwesibhakabhaka nje. Niyabo, ku—kungenye nje yezimonyo. Ngeke sikwazi ukukusiza lokho.

¹⁶³ ECanada, ngenkathi ngifika lapho, awu, kusobala, nginitshelile okwakwenzekile. Sasinezinkulungwane eziningana zabantu phandle, kodwa iningi labo babengamaSheshi namaBaptisti, kanjalonjalo, ababexhase umhlangano wami. Abantu bePentecostal abangenqabe isiqothu. Ngakho-ke, manje-ke, kodwa lokho kulungile, lokho. Ngibathanda ngokufanayo nje. Niyabo?

¹⁶⁴ Kodwa phakathi lapho, ngalobobusuku, owesifazane weza emsamo, okokuqala, emhlanganweni. Futhi wayekade eyimpumpithe, angazi ukuthi isikhathi eside kangakanani. Njengenenekazi elifika lapha esikhulekele. Kwadingeka baliholele emsamo, lalingakwazi ukwahlukanisa imini ebumnyameni. Lase libe ngaleyo ndlela iminyaka. Futhi ngimi lapho, ngikhulekela lowo wesifazane, amehlo akhe avuleka emsamo. Futhi uyehla futhi athathe umshini wokubhala futhi abhale ubufakazi bakhe kimi.

¹⁶⁵ Ngokulandelayo, kwakungumfanyana owayengokuphelele. . .Inenekazi elincane lapha, lifika lapha futhi lakhuleka esikhashaneni esedlule, mayelana nomntwanyana owayeyiyisimungulu. Sasinalowomntwana lapho emsamo, ngicabanga ukuthi kwakucishe kube, o, ngingathi, iminyaka eyisishiyagalombili noma eyishumi ubudala. Wayengakwazi, wayengazi negama elilodwa. Wayengakwazanga ukwenza ukuvungama. Wayengezwa lutho; engakakaze akwenze. Wazalwa enjalo, kungekho kuzwa nhlobo, akukho ukukhuluma.

Wama lapho futhi wakhala futhi wadumisa iNkosi, futhi wayezwa noma yini, futhi wagijima emsamo, ethokoza.

¹⁶⁶ Olandelayo uyeza, kwakungumntwana onokugongobala, cishe eneminyaka eyishumi nambili ubudala. UBilly umsiza amthwale amuse emsamo, namadoda amabili. Wayesesimweni esinjalo, *kanjena* nje, niyabo. Ungikhumbuza u-Edith Wright omncane. Futhi baletha leyonto encane lapho. Futhi ngisakhuleka, wathi, “Ngehliseni. UJesu usengiphulukisile.” Awu, yini esasingayenza ngaphandle kokumehlisa na? Futhi, lapho ekwenza, wehla edabula lapho, ehamba *kanjena*, [UMfowethu Branham ushaya izandla kathathu—Umhl.] edumisa uNkulunkulu futhi ememeza, futhi ehamba ehla enyuka kuleyondawo kanjalo. Futhi abantu bequleka, cishe impela, ezethamelini, kanjalo.

¹⁶⁷ Bese kufika isifumbu esincane, iqhubu elikhulu emhlane wakhe. Futhi wayengumKatolika. Kusobala, siyaqonda, bakholelwa ekuphulukiseni. Manje, kini bantu abangamaKatolika, akukho okumelene nani. Lokho kulungile, niyabo. Kodwa bakholelwa kukho njengezithombe esiqoshiwe, nokunye nokunye, niyabo. Futhi—ngase ngithi, “Manje bheka, ndodana, asikholelwa ekuphiliseni ngaleyondlela. Asikholelwa ekuthinteni izithombe eziqoshiwe. Sikholelwa ukuthi singa, ngomusa kaNkulunkulu, madodana namadodakazi kaNkulunkulu, niyabo, noMoya kaNkulunkulu ukuthi.”

¹⁶⁸ Ngase ngithi, “Manje nansi indlela esikukholwa ngayo. Nakhu kufika... UJesu wafika, ngoluny’usuku, futhi kwakukhona isihlahla simi lapho. Futhi Wathi... Wacinga isithelo, futhi kwakungekho sithelo, futhi Wathi, ‘Akekho odlayo kuwe, kusukela... ngunaphakade,’ waqhubeka wahamba. Kwathi ngomuso lapho bedlula, leso sihlahla sasibuna. UPetru wathi... Ngani, niyamazi uPetru—uPetru, ukuthi wayenjani. Wathi—wathi, ‘Ngani, bheka emthini! Ubheke.’ Futhi uJesu wathi, ‘Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Ngokuba uma ungathi kulentaba, “Nqukuleka,” futhi ningangabazi, kodwa nikholwe ukuthi enikushoyo kuyofezeka, nizoba nakho eniushoyo.’” Ngathi, “Uyakuthola lokho na?”

“Ya.”

¹⁶⁹ “Nxa nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwamukela enikucelayo, niyakuba nakho.”

¹⁷⁰ Ngathi, “Niyabo, thina, emva kokwemukela uMoya kaNkulunkulu... Manje, uNkulunkulu wenza umhlaba ngalutho. KuyiZwi laKhe nje. Wavele wadala nje. IZwi laKhe liyindalo. Ngakho-ke, Wavele waLikhuluma nje, nezwe ladalwa. Ngoba, Kwakuyinto esengqondweni kaNkulunkulu, enhliziyweni yaKhe. Wavele wakukhuluma, futhi kwaba khona. WayenguMdali.” Ngathi, “Khona-ke, uma sineZoe, ukuPhila kukaNkulunkulu kithi, siba ngamadodana kaNkulunkulu,

nabadali abancane,” ngathi, “ngoba Wathi, ‘Noma yini eniyishoyo, kholwani ukuthi enikushoyo, niyakuba nakho.’”

¹⁷¹ Futhi ngikuqaphelile lokho. Inqwaba yezikhathi, ngangisho izinto engangingeke ngikwazi ukuzicabanga mina uqobo, kodwa ngangiyokusho, noma kanjani. Futhi ngithola ukuthi, kwenzeka ngaleyondlela nje. Ngangiyosho izinto engangingaqondile neze ukuba kwenzeke ngaleyondlela, kodwa kwenzeka, noma kanjani, ngoba ngangikushilo. Ngacabanga, “Yima kancane!”

¹⁷² Ngakho-ke, ngathi, “Uyabo, lapho sikhuluma noma yini, uma kukhona okugxilise okwehange kithi, asifanele neze sikukhulume size sikukholwe. Bese-ke lapho sikukholwa, siyakukhuluma, naleloZwi elidalayo liyaphuma. Liyingxenye kaNkulunkulu, niyabo, futhi Ladala.”

¹⁷³ Wathi, “Ngiyaqonda.” Ngamgaxa, ngamkhulekela.

¹⁷⁴ Ngokumazi ukuthi wayengumKatolika, ngathi, “Manje, linda nje. Kulobubusuku, lapho uya ekhaya, faka intambo encane ikuzungeze, *kanje*, bese uyidonsa uyiqinise. Umama makakwenze. Futhi uyingume. Bese kuthi-ke, kusasa ebusuku, uma lingashwabene amayintshi amathathu, khona-ke ngingumprofethi wamanga. Yibuyise, futhi ulethe intambo efanayo. Inqume, futhi uyibeke phezulu lapha.”

¹⁷⁵ Emva kokuba esehambile, ngacabanga, “Ngitheni na? Ngitheni na? Kuthiwani uma lokho bekungaba ukugxekwa okuthile lapho, niyabo?” Ngacabanga, “Kodwa, uma uNkulunkulu ekushilo, ngoba bengingazi ukuthi bengizokusho, ngakho-ke ngizovele ngikushiye kanjalo nje.” Makaqhubeke.

Ngobusuku obulandelayo, yayicishe ibe yinde *kangako*, nibone ukuthi kukuphi.

¹⁷⁶ Ngakho-ke, okulandelayo, izithandani emva kwalokho, kwaqhamuka umfana omncane, iqhubu elincane emhlane wakhe, waphuma le *kanjalo*. Kwakukade kunesigejane sonke sabancane, iFrench Canadian Catholic yayehlile, futhi basindiswa futhi bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele lapho. Niyabo? Futhi lomfanyana wayenengalo, phansi *kanjalo*, iqhubu elincane emhlane wakhe. Umfo omncanyanyana, cishe *kanje*, uyadlula. Futhi ngangizomkhulekela. Ngathi, “S’thandwa, uyakubona engikutshele omunye umfana mayelana nehloambe lakhe elincane na?” Futhi, manje-ke, niyabo, izifumbu ezincane, abakwazi ukuphakamisa izingalo zabo *kanjalo*. Niyabo, banamaqhubu, kukhona into engena emhlane wabo lapha.

¹⁷⁷ Wathi, “Yebo, mnumzane.” Wathi, “Angikwazi ukubuya.” Futhi ngithola ukuthi, wayengumndeni ompofu ngempela, le eBritish Columbia. Niyabo? Wayengenayo imali, yokuqhubeka nokuhlala.

¹⁷⁸ Ngathi, “Awu, uNkulunkulu uzokuphilisa, s’thandwa.” Ngimgaxa.

179 Manje, a—a—angifuni uku—ukusho into ethize engalungile. Ngi—ngi—ngifuna ukusho lokho okulungile, niyabo. Futhi ngangigaxe umfo omncane, nesandla sami phezu kwaleloqhubu elikhulu. Futhi kimi kwaba sengathi lelo qhubu liyanyakaza futhi isandla sami sangena.

180 Ngakho-ke, lapho ngiyeka ukukhuleka, ngambuka. Amehlo akhe amancane amadala acwebezela. Ngathi, “Uyakuzwa lokho na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane, ngikuzwile.”

181 Ngase ngiqalaza, kwakungekho qhubu lapho. Ngathi, “Phakamisa isandla sakho.” Futhi nangu ehamba, ekahle ngokuphelele nje, phambi kwezethameli lapho.

182 Futhi, o, lokho nje kwaku. . . O, angazi ukuthi zingaki izinto ezinkulu iNkosi yethu eyazenza, njalo ebusuku, ngezithulu, izimungulu, izimpumpethe.

183 Futhi niyayazi leyontombazanyana enginitshela ngayo, eJalimane, eyayinalokho. . . Niyazi ukuthi yenyuka kanjani emsamo, okwenza amakhomanisi. . . ithatha oseyili. . . umoya waphuma kuseyili? Leyo ndaba yaphindaphindeka ngokuphelele. Kwaqhamuka intombazanyana, yayinamagoda amade, ubuso obubukeka buphakeme; eyimpumpethe, bayikhuphulela phezulu. Ngase ngithi, “Ibukeka njengentombazane encane yaseJalimane; amehlo amancane amhlophe.” Ngathi, “Ibukeka njengentombazane encane yaseJalimane eyayiseJalimane.” Ngathi, “Bangaki phakathi lapha abake bafunda noma bezwa emateyipini, kanjalonjalo.” Futhi, o, amakhulu ngamakhulu ezandla. Ngathi, “Ibukeka njengentombazane encane yaseJalimane.” Ngase ngithi, “Unguyise na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane.”

Ngathi, “Yibuphi ubuzwe bayo na?”

184 Wathi, “NgingumJalimane.” Wathi, “Si—singamaJalimane.” Bobabili yena nomkakhe, bobabili.

185 Awu, intombazanyana eyiJalimane, impela, lawo wagoda amancane elenga emhlane wayo kanjalo. “O,” ngacabanga, “Nkosi, uma nje Ubungakwenza futhi!” Niyabo? Manje kuyini na? Ngacabanga, “Manje, uma nje nginga. . . Nginike lokho kukholwa, ukwazi ukuthi kuzoba ngaleyondlela, ngingakukhuluma, futhi ngikhulwa ukuthi kuzokwenzeka.” Kodwa, kuqala, kufanele kwenzeke *lapha* kuqala. Niyabo?

186 Ngakho-ke ngakuthola, ngalo lonke uzwelo engangingalwenza ngento encane, futhi ngayikhuphula kanjalo. Futhi ngathi, “Kukhona okubonayo na?”

“Qhabo, mnumzane.”

187 Wathi, “Akayizange ikubone.” O, angicabangi ukuthi... Mhlawumbe ayikaze ibone. Angazi nje ukuthi kwase kunesikhathi esingakanani ingazange ibone; futhi mhlawumbe ayikaze. Amehlo ayo amancane, njengamabhola amancane amhlophe phezu kwawo, kanjalo.

188 Futhi ngakho-ke ngabamba into encane *kanjalo*, ngase ngiyikhulekela. Futhi yayimamatheka lapho ngiyidedela. Ngathi, “Uyabona, sithandwa na?”

189 Yathi, “Yebo, mnumzane.” Futhi yaqala ukumamatheka, izinyembezi ezincane zehla ezihlathini zayo ezincane. Into encane nje, ecishe ibe *kanjalo*.

Ngathi, “Uyabona ngempela na?”

Yathi, “Yebo, mnumzane.”

190 Ngathi, “Manje woza ngalapha engikhona, futhi ubeke umunwe wakho ekhaleni lami.” Futhi nansi iza, imamatheka kanjalo, yayisiya ngaleya futhi yabeka umunwe wayo ekhaleni lami.

Ngathi, “Mingaki iminwe engiyiphakamisile na?”

191 Yathi, “Uneminhlanu.” Noyise kwathi akaquleke.

Ngathi, “Utheni, sithandwa na? Mingaki iminwe na?”

192 Yathi, “Unowodwa kuphela manje.” Futhi yayilapho, iyimpumputhe ngokuphelele, yemukela ukubona kwayo.

O, Yena uyamangalisa! Ku—kucishe kungakholakali.

193 Kodwa, bangane, ngingahle ngibuye kulobubusuku. Uma ngingabuyi, mhlawumbe ngeSonto elizayo. Ningakhohlwa umhlangano wethu e-Indianapolis, oqala manje.

194 Bukani, nginento engifuna ukuyikhuluma ebandleni. Umlayezo ngezikhathi. Sisekugcineni, bahlobo. Bukani, bukani lezi zishingishane naleziziphapho. Akukaze kuzwakale. Buka ukuzamazama komhlaba, yonke into, zonke izizwe. Futhi, mfowethu, bakhuluma ngaluluhlelo lokulahlwa kwezikhali. Yilokho kanye udeveli akufunayo. Vele uzinqwabelanise ngalapha, ukuze sikwazi ukuqhumisa yonke into. Yilokho kanye akufunayo. Niyabo? O, siphila phezu kwemphongolwana yempushana, futhi ukuncibilikalisa sekusekupheleni.

195 Engikhulume ngakho, kulokhukusa, uku *Phila*, o, kufuneni lokho ngenhliziyu yenu yonke. Angikwazanga . . .

196 Uma utshela abantu izinto eziningi kakhulu, baxoveka bonke futhi abazi ukuthi uthini ngaleyonkathi, niyabo. Ku...Awukwazi ukukhuluma nabantu...Into eyodwa nje ngesikhathi, indlela edlula zonke yokuyithola. Futhi anginakho nje...Mhlawumbe umhlangano owodwa, manje nanjalonjalo, nani, futhi angikwazi ukunitshela njengoba ngifuna, niyabo. Futhi niyadideka lapho nginitshela izinto eziningi kakhulu.

¹⁹⁷ Kodwa lento eyodwa khumbulani, kulokhukusa, funani ukuPhila. O, phikelelani kuKho. Komeleni. Qhubeka nje ufinyelela kuKho. Ningavumeli lutho lume endleleni yenu. Kufuneni.

Futhi size senze lokho, njengoba sihamba, sifanele senzeni na?

Hamba neGama likaJesu,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
INKosi yamakhosi eseZulwini, siyoYiqhelisa,
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Kulungile, asime ngezinyawo zethu.

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka nowosizi;
Liyakukunikeza injabulo nentokozo,

¹⁹⁸ Ngizonitshela ukuthi asenzi. Phenduka ngqo bese uxhawulana nomunye lapho, uthi, “Unjani, mfowethu na? Ngiyajabula ngempela ukwazana nawe.”

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
. . . nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, Gama eliligugu, O limnandi
kangaka!

Themba lomhlaba nokwethaba . . .

¹⁹⁹ Manje bukani ngapha futhi. Siyajabula ukuba nathi kulokhukusa, uMfowethu George Craig ovela e-Arizona, omunye wabazalwane. Siyajabula ukuba noMfowethu Whitney lapha, ovela eSt. Louis. Uzoba kwaMfowethu Cauble kulobubusuku, ekufundiseni kwesiprofetho, eshadini, ebandleni likaMfowethu Cauble. Bese—bese kuthi—ke uMfowethu Junior Jackson usemuva lapho, futhi noMfowethu—Mfowethu Collins, noMfowethu John O'Bannon, na—nabangingi babanye abefundisi lapha. Sonke sijabule ukunibona ningaphakathi manje.

NgeGama likaJesu siyakhothama,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
INKosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa,
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka! O
limnandi kangaka!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.



UKUPHILA ZUL57-0602
(Life)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngo Juni 2, 1957, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2021 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org